



Paraffin Safety Association
Southern Africa

ISIZULU

Iphepha Lencazelo: Imibiko Ebalulekile Yokuphepha

- 1. GCINA UPHARAFINI UPHEZULU FUTHI UKUDE, LAPHO IZINGANE ZINGEKE ZIWUBONE FUTHI ZIFINYELELE KUWO.**
 - Upharafini uyingozi. Ungabulala uma ungelashwanga kahle.
 - Kungcono ukuthi ugcinwe endaweni ekhiywayo.
 - Gcina upharafini ebhodleleni lawo eliyisipesheli. Musa ukuwugcina ebhodleleni likanemenadi noma elobisi.
 - Buyisela isivalo uvale ibhodlela emveni kokulisebenzisa.
 - Sebenzisa isetho (ifanela) ukufaka upharafini. Ungasebenzisi inkomishi. Sibeke kude futhi isetho emveni kokusebenzisa.
- 2. UMA UMNTWANA EGINYA UPHARAFINI, YENZA OKUTHILE NGOKUSHESHA!**
 - Ungalindi. Thatha ingane uyise esibhedlela noma emtholampilo ngokushesha.
 - Ungenzi ukuthi umntwana ahlanze.
- 3. UNGAMNIKI LUTHO UMNTWANA OLUDLIWAYO NOMA OLUPHUZWAYO UME EGWINYE UPHARAFINI.**
 - UNGAMINIKI muthi, imithi yesintu, ukudla, ubisi noma eminye imithi yasekhaya.
 - Duduza uxhase.
 - Cabanga ngokuba nesu losizo oluphuthumayo ukuze ukwazi ukuyisa isiguli emtholampilo noma esibhedlela.
- 4. GCINA UMOYA ENDLINI YAKHO UHLANZEKILE FUTHI UPHEPHILE.**
 - Vumela umoya omusha ungene endlini uma
- 5. Uma upharafini uchithekele ezingutsheni, zikhumule lezo zimpahla ukuvimbela ukuhogela umusi kapharafini.**
- 6. Noma ithonsana nje likapharafini lingena emaphashini, libanga umonakalo omkhulu emaphashini.**

usebenzisa izinto ezisebenzisa upharafini – umoya omusha ususa umusi omubi.

- Upharafini kufanele ube nombala ocacile, ungahlangani nezinye izinto ezivuthayo njengophethiloli, udizili, nokunye.
- Kuwukulondoloza okuhle ukuthenga izitofu eziphephile, okokushisa (amahitha) kanye nezibani, njengendlela yokuvikela ukulimala nokungabeki impilo yakho engozini. Ngalandlela ungakwazi ukuvikela ukungcola komoya nemililo.

5. IMILILO EMIKHULU IQALA NGELANGABI ELINCANE.

- Vala izinto ezisebenzisa upharafini uma uphuma ekhaya noma uyolala.
- Yonke imililo nokusebenzisa upharafini kufanele kubhekwe.
- Gcina izinto ezisebenzisa upharafini zikude nezinye izinto ezivuthayo.
- Beka izinto ezisebenzisa upharafini etafuleni elinganyakazi noma endaweni ephansi lapho zingeke zishayiswe noma zidonswe.
- Gcina ibhakede lesihlabathi esomile lilungele ukucima umililo kapharafini.

6. UMA KWENZEKA KOKHELEKA UMLILO:

- Bamba umoya ungaxhamazeli.
- Hlaba umkhosi uphume.

- Biza abosizo oluphuthumayo. Yazi ukuthi uzozitholaphi izinombolo zabo.
- Uma indlu inentuthu, khasela phansi ngezandla namadolo.
- Uma izimpahla zakho zokheleka, yima, yiwa, ginqika, ukucisha amalangabi.
- Gcina ibhakede lesihlabathi esomile lilungele ukucima umililo kapharafini.

7. YENZA NGOKUSHESHA UKWEHLISA UBUHLUNGU BOKUSHA.

- Bamba umoya ungaxhamazeli.
- Faka indawo eshile emanzini abandayo imizuzu engama 20.
- Ungafaki lutho lapho kushe khona, ungafaki bhotela, uoyili, okokugcoba noma umuthi ngoba lokho kuzokwenza isilonda sibe sibi kakhulu.
- Phuthumisa umuntu oshile esibhedlela noma emtholampilo ngokushesha.

March 2005

Uma ufuna eminye imingwane, sithinte:

ucingo: 0861 22 44 22
i-imeyili: info@pasasa.org
iwebsayithi: www.pasasa.org